IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

24/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Miserikordias Domini, ngomhla ka 19. 04. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya ongcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kuJoh. 10:11a.27-28a, lithi: "Ngingumelusi omuhle ... Izimvu zami ziyalizwa izwi lami; nami ngiyazazi, siyangilandela; ngizinika ukuphila okuphakade."

1. Iculo 246/163

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu Baba wethu onomusa, wena oNdodana yakho uyivusile kwabafileyo yena onguMalusi wezimvu zakho, mawuzabele uMoya wakho ukuba uma sizwa iphimbo loMalusi wethu simazi yena osibiza sonke ngegama ukuba simlandela lapha esiholela khona, siyacela konke lokhu ngaye uJesu, Kristu, iNdodana yakho iNkosi yethu ephila, ebusa kanye nawe noMoya oNgcwele, uNkulunkulu oyedwa manje naphakade. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuHes. 34:1-16.31;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku 1 Petru 2:21b-25;

   Ivangeli ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuJohane 21:15-19.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 177/166

6. Siyacela sithi: Woza, Moya oNgcwele, vula izindlebe zethu, ukhanyise izingqondo zethu, mawuseluse ngezwi lakho eliphilayo. Amen.

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 10:11-16.27-30, lithi: "Ngingumalusi omuhle. Umalusi omuhle udela ukuphila kwakhe ngenxa yezimvu. Okhokhelwayo engesiye umalusi, izimvu zingesizo ezakhe, ebona impisi iza, ushiya izimvu, abaleke - impisi izidlozomele, izihlakaze - ngokuba engokhokhelwayo, engazinakekeli izimvu. Mina ngingumalusi omuhle; ngiyazazi ezami, nezami ziyangazi, njengalokhu uBaba uyangazi, nami ngiyamazi uBaba; ngidela ukuphila kwami ngenxa yezimvu. Nezinye izimvu nginazo ezingesizo ezalesisibaya; nalezo ngimelwe ukuziletha; ziyakuzwa izwi lami, kube-mhlambi munye nomalusi munye. ...

Izimvu zami ziyalizwa izwi lami; nami ngiyazazi, ziyangilandela; ngizinika ukuphila okuphakade, azisoze zabhubha naphakade; akakho ongazihlwitha esandleni sami. UBaba onginikileyo mkhulu kunabo bonke; akakho ongazihlwitha esandleni sikaBaba. Mina noBaba simunye." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo eNkosini yethu uKristu. Namuhla ngesonto loMalusi omuhle ngohlelo lomnyaka wekerike, isonto lithiwa Miserikordias Domini. Leligama linephimbo elisithokozisa ezindlebeni, noma singazi isiLatini, lisambulela inhliziyo yomusa weNkosi. Ungathi akutholakali isithombe senhliziyo yeNkosi yethu esinye esisambulela umusa wayo kunalomfanekiso othi: InguMalusi wethu omuhle osetshatha emahlobeni akhe ukubuyisela imvu yakhe eyabe elahlekile ekhaya, esibayeni sakhe. Baningi phakathi kwethu sebefundile iculo labantwana elihle ngesiNgisi elithi: *"I am Jesus' little lamb; Ever glad at heart I am. For my Shepherd gently guides me. Knows my need and well provides me. Loves me every day the same. Even calls me by my name."* Lithi ngesiZulu: "Ngiyiwundlu elincane likaJesu. Njalo ngithokozile enhliziyweni; ngoba uMalusi wami uyangihola ngomusa, uyazi, uyangabela engikuswelayo. Uyangithanda njalo. Yebo, uyangibiza ngegama lami. Uma sicabanga ukuthi sesidlulile kukho okushiwo ngaleliculo lezingane, sidinga isikhashana sokuba sihlolisise kahle okushiwo nguJesu ngokuzisho ukuthi unguMalusi omuhle. Kwenzeka ukuthi sesikhulile manje, asisengamawundlu nje, kodwa sesiyizimvu ezinkulu noma sesiyizinqama ezinkulu. Nokho sisaswela uMalusi.

"NginguMalusi omuhle." Lesisisho sikaJesu asiwo umfanekiso nje. Siyisambulo esikhulumayo ngokwempela. Uma uJesu ezisho ukuthi: Nginguye, njengalokhu kulotshiwe ngumvangeli uJohane, lenkulumo ivela egameni likaNkulunkulu elingcwele eTestamenteni elidala, lapho uNkulunkulu ezibiza, ethi: NgiNguye engiNguye, noma ngiNguye eNgikhona. Igama elithi: NgiNguye likhomba isiqu sesiHeberu segama elithi Yahweh - NgiNguye eNgiNguye. Yilo igama elambulelwe uMose esihlahleni esasha singashi. Laliyigama abakwaIserayeli bahamba nalo ukuya enkululekweni yabo, liyigama likaNkulunkulu wesivumelwano sakhe nabakwaIserayeli. Liyigama elingaphinyiselwa ngumJuda omesabayo uNkulunkulu. Babesaba ukulibize ngobuze.

NginguMalusi omuhle. Abaprofethi bathi: UMesiya uyazambulela ngokwelusa isizwe sikaNkulunkulu. Mhla abantu bezwa uJesu ezibiza ngokusho ukuthi "Mina nginguMalusi omuhle," babehlanganisa khona lapho inkulumo yakhe neHubo 23, ihubo likaDavide owayekwazi okwezimvu okuningi, njengalokhu ezelusile izimvu, engakagcotshwa abe inkosi.

NgeHubo lakhe uyazifanisa nemvu eyanelisiwe, ethokozile eyazincoma ngomalusi wayo, esho ukuthi: "UJehova ungumalusi wami, angiyikuswela." Sekufikile uJesu, uNkulunkulu enyameni, ezifakazela, esho ukuthi: "Yimina. Yikho engikuzele. NginguMalusi omuhle uDavide engumprofethi akhulumile ngaye."

Ngomjwayelo sihlanganisa iHubo leli 23 nemingcwabo ngenxa yendima 4 ethi: "Noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa." Kuhle, nokho kubi ngendlela enye. IHubo 23 alikhulumi ngokufa, liyakhuluma ngokuphila, impilo yokuphila ephathiwe, nokulondolozwa kahle uNkulunkulu onguMalusi omuhle. IHubo leli lifundeka njengohlelo lemisebenzi yonke esiyenzelwe nguNkulunkulu kuye uJesu. Uyasiduduza, uyasilalisa emadlelweni aluhlaza, uJesu wathi: "Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza." Uyasivuselela, uyasiyisa ngasemanzini okuphumula ombhapathizo, emthonjeni wamanzi agabhuza, avela esiphambanweni sikaKristu ukukuphuzisa ngakho konke kukaKristu. Uyasithethelela, uyasibuyisela ensindisweni, uyasemisa, uma siwile. Uyasiholela ekulungeni kwakhe, uthi: "Ngiyindlela, neqiniso, nokuphila." Uyasiyisa kuYise. "Akakho oza kuYise ngaphandle kwakhe." Uyasiphelekezela ekuhambeni kwethu, mhla sidabula isigodi sokufa, uyasifinyelelisa ekuvukeni nasekuphileni, uthi: "Bhekani, nginani njalo kuze kube sikugcineni komhlaba." Uyasiduduza ngezwi lakhe eliyintonga yakhe, nodondolo lwakhe. Uyasilungisa itafula phambi kwethu ebusweni bazitha zethu eziyisono, ukufa noSathane. Uyasabela umzimba wakhe ukuba siwudle, ube isinkwa esehla ezulwini. Uyasabela igazi lakhe ukuba siliphuze, eliyiwayini elehle ezulwini ukusilethela intethelelo, intokozo nokuphila. Uyagcoba ikhanda lethu ngamafutha enjabulo. Uyasithelela uMowa wakhe ukuba isitsha sethu sichichime.

Konke kuqondene noJesu njengalokhu silungiselwe konke okuhle ngokufa kwakhe esiphambanweni nangokuvuka kwakhe ekufeni. Usiphuthile njengomhlambi wezimvu ukuba siphathwe nguye, sibusiswe nguye ukuba izibusiso zichichime, siphume kithi ukuba nawomakhelwane bethu bathole okugcwalisile izitsha zethu ukuba nabo bahlanganyele zonke lezizibusiso ezivela kuKristu.

NginguMalusi omuhle. UJesu uyaqhubeka ngokuchaza okushiwo ngalokhu kuzifakazela kwakhe, uthi: "Niyazazi ezami, nezami ziyangazi." Yena uyakwazi kunokuba uzazi wena. Uyakwazi, uyazi amandla akho, nobuthakathaka bakho, ukwesaba kwakho, nezono zakho. Uyakwazi njengomakhi azi indlu ayakhile. Uyakwazi njengomalusi azi zonke izimvu zakhe nokuzibiza ngegama lazo. UJesu uLizwi okwenzile, okubizile ukuba ubunjwe esibelethweni sikanyoko,

usakulondolozile namanje. Waziwe ngokwempela, nasekujuleni komphefumulo wakho. Izimvu zidinga ukuqashelwa kakhulu kunezidalwa ezinye. IHubo 23 lifakazela leliqiniso. Abelusi babambekile impela emsebenzini wabo. Siyizimvu, kaningi sinenkani, siyaduka, siyazulazula nje, ngesikhathi esithile siyadelela. Sishayisana amakhanda, sicindezela ababuthakathaka. Siyizimvu ezizilimazayo, nokulimaza ezinye. Asihlukanisi, kwenzeka ukuba sidle okusibulalayo ukhula lwezinkolo zamanga, siphuza amanzi kuyo imimoya emibi. Noma sizisho ukuthi sikhululekile, kaningi silandela abaholi abakhohlisayo ukuholelwa yibo ekufeni, nasezincithakalo, njengokusho kukaIsaya esho ukuthi: "Thina sonke sidukile njengezimvu; yilowo nalowo uphendukele endleleni yakhe; uJehova wehlisela phazu kwayo ububi bethu sonke," Isaya 53:6.

UMalusi omuhle unguMalusi ohluphekayo, ofayo, ovuka futhi. Uyadela impilo yakhe ngenxa yezimvu zakhe. Yikho okumangalisayo impela ngokuzwa ngaye. Siyezwa ngoMalusi odela ukuphila kwakhe ngenxa yezimvu zakhe. Ebusuku izimvu zazisebhayeni, umalusi elele eduze nazo, ukuba azikhiphe futhi ekuseni esibhayeni, siyiswa emadlelweni, kodwa ebusuku zalindwa ngumalusi ukuba singalinyazwa, noma singebiwa.

Cabanga ngoKristu eyisango. Udela ukuphila kwakhe ngenxa yezimvu, ngenxa yabantu bonke bomhlaba bezikhathi zonke. Wangena ekufeni ngenxa yethu, kodwa ngosuku lwesithathu wavuka ukuba ahole izimvu zakhe ukuziyisa emadlelweni aluhlaza. Akasiye okhokhelwayo nje oshiya izimvu zakhe, uma zivelelwa yizingozi. UnguMalusi omuhle, uyaziphatha izimvu zakhe kahle impela. Uthunyiwe nguYise ukudela ukuphila kwakhe ngenxa yezimvu, nokuvuswa futhi ukusiphelekezela endleleni yethu ende ngokufa kuye nokuphila kuye.

Embhapathizweni siyambona uMalusi wethu omuhle emsebenzini wakhe, ebiza enye yezimvu zakhe ngegama, nokuyamukela emhlambini wakhe. Wasifinyelelisile emadleleni ekerike lakhe emhlabeni. Wasigeza emanzini okuzalwa ngokusha lawa nokubuyisela umphefumulo wethu ekulungeni kwakhe. Embhapathizweni zazalwa ngokusha, ngokuzalwa okuvela phezulu, sibe ngabantwana bakaNkulunkulu, sithethelelwa izono, sigcotshwa nguMowa oNgcwele. Isitsha sethu siyachichima.

Namuhla umbhapathizo awuqondwa kahle. Abaningi bathi: Umbhapathizo ungumsebenzi wethu esikhombisa abanye ngakho ukuthi sikholwa nguJesu. Uma kunjalo, ukubhapathiza izingane akufanele, ngokuba asikwazi ukubona ngamehlo okwenziwa yingane, noma

okucatshangwa yingane. Kodwa umbhapathizo ungumsebenzi kaNkulunkulu, wenziwa egameni lakhe, asithina esebenza kuwo, noma igama namandla ethu noma ekerike. KunguNkulunkulu ozabela izingane izipho zakhe ezinkulu ngombhapathizo, ukuba zikwethemba ekuhambeni kwazo konke ukuthi baphiwe lezizipho. Kuqinisile izingane zimelwe ukufundiswa, nokukhunjuzwa ukuba zingakhohlwa abakuphiwe embhapathizweni, njengalokhu zimelwe ukufundiswa ukuphatha okwezimali zazo kahle. Abafundi bayadalwa, bayenziwa ngokubhapathizwa egameni likaNkulunkulu uMthathwemunye, nangokufundiswa. Kanjalo nezingane ziyabhapathizelwa ukufundiswa nokukhunjuzwa ekuphileni kwazo konke. Bafundi ukuthi uKristu ungubani, nokuthi bangabafundi bakhe, nokuthi uKristu unguMsindisi wabo.

Kukhona abathi abantwana bamelwe ukukhula kuqala ukuba baphumelele ukuzicelela ngokwazo ukubhapathizwa. Kodwa uNkulunkulu akasisindisi ngokuzicelela, noma ngokuzinqumela kwethu. Izimvu azikhetheli umalusi wazo. KunguMalusi ozikhethela izimvu zakhe. Asithina esimenza uKristu Jesu ukuba abe uMalusi noMsindisi wethu. Nguyena onguMsindisi noMalusi wethu ngokudela ukuphila kwakhe ngenxa yethu, nokuvuka kwabafileyo ngosuku lwesithathu. Akalulekané nathi, mhla esifelé esiphambanweni ngaloyasuku olwesihlanu, wayengabuzi kithi: Niyathanda ukuba nginifele, nizikhethele ukungilandela, na? Nguye owasilungisela konke singakabi khona.

Izimvu ezilahlekileyo asifuni umalusi, KunguMalusi omuhle ozicinga, ozifunayo, aze azithole.

Kwaziwe ukuthi ukuphila emhlambini woMalusi omuhle kunzima kaningi, akuthokozisi njalo, futhi kuhambelana nobuhlungu obuningi nezinhlupheko. Asithenjiswanga ukuthi asiyikugula, noma singangabazi, noma ukulahlekelwa yithemba. Asithenjisiwe impilo egcwele izimangaliso ezibonakalayo. Amakholwa onke amelwe ukuhamba esigodini somthunzi wokufa, endleleni yawo kukhona amawa nezidonga ezesabekayo. Akuhlukaniswa phakathi kwamakholwa nabangakholwayo. Nokho amakholwa abanokwesaba, nokuthuthumela ngobubi abavelelwa yibo. Siyamlandela uMalusi wethu omuhle, uyasiphelekezela, ufohlile amasango okufa, unqobile isono, ukufa noSathane ngokuvuka kwakhe ekufeni ngosuku lwesithathu. Kukhona okubili amakholwa aqiniselwe kukho. Okuhle nomusa kuyakusilandela imihla yonke yokuphila kwethu impela njengezinja zoMalusi omuhle. Akuyikudlula usuku, noma olulodwa lezinja zingayikukhotha izithende zethu ngokusikhumbuza ukuthi sithethelelwe izono, nokuthi sifelwe nguMalusi wethu omuhle esiphambaweni. Siyizimvu emhlambini woMalusi wethu omuhle.

Yikho uMalusi omuhle athanda ukusiqiniselwa kukho, njengalokhu siqiniselwe kukho ekwazini nasekukholweni ukuthi uJesu Kristu ufele esiphambanweni, uvuké kwabafileyo ngosuku lesithathu, uyaphila, abuse, kuze kube phakade. Sibhapathiziwe egameni likaYise, neNdodana, noMoya oNgcwele, sizohlala endlini kaJehova, kuze kube phakade. INkosi yakho inguMalusi omuhle, awuyikuswela lutho. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi ethandekayo, siyabonga ngokuba unguMalusi wethu omuhle, wasifuna, wasithola lapho sidukele kukho, wasetshatha emahlombeni akho, ngokusibuyisela ekhaya, ekerikeni lakho, sizwe izwi lakho lomusa nobubele. Siyakudumisa ngokusisindisa thina eziyizoni ngokwemvelo yethu, nokusamukela ukuba sibe izimvu emhlambini wakho oyikerike lokuKristu. Umusa wakho, nothando lukaNkulunkulu, nokuhlangana kukaMoya oNgcwele makube nathi sonke. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 25/179

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-K. H. Schnackenberg.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.